

Lencwadi inikeza ulwazi mayelana nokusokwa kwabesilisa nokuvimbela isandulela ngculaza.

Kuyini ukusokwa kwabesilisa?

Itemu “ukusokwa kwabesilisa” lisho ukusikwa kwejwabu esithweni sangasese sowesilisa. Emhlabeni wonke, ukusokwa kwenzelwa izizathu zezenkolo, ezamasiko, ezempilo kanye nezinye izizathu. Amadoda alinganiselwa kumaphesenti angu 30 emhlabeni wonke asokiwe. Itemu “ukusokwa kwezempilo kwabesilisa” kusho ukususwa kwejwabu ngokuhlizwa ngumsebenzi wezempilo oqeqeshiwe. Zikhona ezinye izinhlobo zokusokwa, ezibizwa ngokuthi “ukusokwa kwesintu”, okuhlanganisa izinhlobo ezihlukene zokusikwa kwejwabu, okuvamise ukwenziwa abantu abangebona abasebenzi bezempilo.

Yini eyaziwayo ngokusokwa kwabesilisa nokuvimbela isandulela ngculaza?

Ucwaningo oluthathu (3) lusanda kuhlola ukuthi ukusokwa kwabesilisa ngokwezempilo kungawavimbela amadoda ekutholeni isandulela ngculaza ngokocansi. Lolucwaningo lwabandakanya amadoda angaphezu kuka 10,000 ase-Kenya, e-Uganda nase-South Africa. Ucwaningo lwathola ukuthi amadoda ayesokiwe ayenamathuba amancane ngesigamu okuthola isandulela ngculaza kunalawo ayengasokiwe. Ngamanye amazwi, ukusokwa kwatholakala ukuthi ukusebenza kwako ekuvimbeleni amadoda ekutholeni isandulela ngculaza kulinganiselwa kumaphesenti angu -50. Enye indlela yokuchaza lokhu ukucabanga mayelana namadoda ayishumi asemathubeni okutholeleka ngesandulela ngculaza ngenxa yokuya ocansini olungavikelekile nomuntu wesifazane otheleleke ngesandulela ngculaza. Phakathi kwalababantu besilisa abayishumi, kungalindeleka ukuthi ukusokwa kuvimbele abahlanu babo ekutholeni isandulela ngculaza.


Ukusokwa kowesilisa ngokwezempilo indlela esebenzayo emadodeni ukunciphisa amathuba abo okuthola isandulela ngculaza. Kodwake, ukusokwa akunikezi ukuvikeleka okuphelele kwisandulela ngculaza. Ngenxa yalokhu, ukusokwa kufanele kusetsheziwe ekwengezeni kwezinye izindlela ezaziwayo zokuvimbela isandulela ngculaza, kuhlanganisa ukusebenzisa amakhondomu ngendlela okuyiyona zikhathi zonke.

Yini enye eyaziwayo mayelana nokusokwa kwabesilisa.


Kukhona okunye okubalulekile mayelana nokusokwa kwabesilisa okumele amadoda nabantu besifazane bakwazi. Ukusokwa kwabesilisa akubavikeli abesifazane ekutholeni isandulela ngculaza. Amadoda anesandulela ngculaza futhi asokiwe angasedlulisela isandulela ngculaza kophathina babo. Empeleni, indoda isemathubeni amaningi okudlulisela isandulela ngculaza kuphathina wayo ngesikhathi esanda kusokwa, ngaphambili kokuba inxeba liphole. Ngenxa yalokhu, indoda esanda kusokwa kufanele ilinde inxeba layo liphole ngokuphelele ngaphambi kokuya ocansini.



Uma unemibuzo noma ufuna ulwazi olwedlulele, uyacelwa ukuthi uvakashele ikloniki:



Uma unemibuzo ephuthumayo noma izikhalo, ungathintana:



Ulwazi mayelana
nokusokwa kwabesilisa
nokuvimbela isandulela
ngculaza

